IROSALI LIKAJOSEFA OCWEBILEYO

IRosali likaJosefa Ocwebileyo liphethe izigaba eziyishumi nanhlanu lezinhlamvu ezine. Zonke izigaba ziqukethe uhlamvu olulodwa olumhlophe kanye nezinhlamvu ezintathu eziluhlaza okwesibhakabhaka. Zindla ngemfihlo yerosali ngesikhathi kuthandazwa isigaba ngasinye.

Lithandazwa kanje leli rosali:

- **Yenza uphawu lwesiphambano.**
- **Faka inhloso noma injongo onayo.**
- **Ohlamvwini olumhlophe,** yisho **imfihlo,** kanye **noYethi Maria kathathu.**
- **Ohlamvwini ngalunye kulezi ezintathu,** yisho: **“Akudunyiswe kubongwe uJesu, noMaria noJosefa!”**

Nazi izimfihlo eziyishumi nanhlanu:

1. UMaria waziswa iNgelosi uGabriyeli ukuthi uyakuzala uMsindisi. (Ukwaziswa kukaJosefa ngephupho nako kuyabhekelelwa khona lapha)
2. UMaria wahambela uElizabetha.
3. UMaria wamzalela uJesu eBethlehema eliVirigo.
4. UMaria wamnikela uJesu eThempeleni. (Ukusokwa kweNkosi Yethu nako kuyabhekelelwa khona lapha)
5. UMaria wamfumanisa uJesu eThempeleni.
6. UJesu wajuluka igazi ngenxa yethu.
7. UJesu washaywa ngenxa yethu.
8. UJesu waqheliswa ngameva ngenxa yethu.
9. UJesu watshatha unqamlezo ngenxa yethu.
10. UJesu wanqanyulezwa ngenxa yethu.
11. UJesu wavuka kwabafileyo.
12. UJesu wenyukela ezulwini.
13. UJesu wasithumela uMoya Ocwebileyo.
14. UJesu wenyusela uMaria ezulwini.
15. UJesu waqhelisa uMaria ezulwini.

Ekugcineni yisho lomkhuleko olandelayo:

V. O Josefa Ocwebileyo, Sikhulekele.

R. Size sifanele uKristo asithembise kona.

Asikhuleke!

Nkulunkulu, othe ngokunaka okumangalisayo wathanda ukukhetha uJosefa Ocwebileyo, abe umyeni woMzali wakho ocwebe cwe, siyancenga sivumele ukuba sithi simdumisa lapha emhlabeni njengoba engumlondi wethu, sifanele ukuba abe umnxuseli wethu ezulwini. Sicela kuwe ophila ubusa izikhathi ngezikhathi. Amen.